# Lengoma! ! ! ??????

Lengoma ingenzani
Washo wengoma!
Washo wemculo!
Washo kamnandi ngizwa amasimbali encencetha washo!
Washo kamnandi ngizw' ubunye bamaphimbo enyelela egcwele
inhlokomo yezifiso kamnandi washo!
Kamnandi washo ugubhu lusho luphindelela lugubhaza
Gigug' okwenhliziyo ngesigqi esivusa usinga, isigqi sobu-Afrika.

....

Mzosho pro

# Wemuka Qawe

Ungath' indaba kacosi cosi yaphela phel' ungafung' uth' inganekwane phela lena, akukholakali!
Ungathi hlez' umdlalo weshashalazi usazovuka umuphel' umphelo
Awuphele awu phela! Sgiye bsabaze sgqabashiye; awu phela..!
sengabe kuyaqala ukufa akungmani wamuntu, ukufa isitha sokugcina.
Nakhu kwemuka iqhawe amaqhawe awab' esabuya elala amalunde lokholokho eshiya izibongo zawo ngokuphazima,
ngokuphazima kweso singazelele nawe wemuka qhawe!

Qhawe! Qhawe lethu Ulwile indima yakho uzabalaza. Ugodukile sisakubukela kude buduze singamele ubude obungaphangywayo.
Ubuqwakela esicongcweni unyonkela ulibangise kwamphelandaba kulohambo olumagatshagatsha,
Unogqozi ugqulwa ufuqufuqu lokuba bucababa kwelenyoni.
...
Mzosho pro

Mzosho pro

# Nakuba!

Nakuba sqhosha ngelokuqholosha kepha singaphez' Ukqhosha ngaye. Nakuba sihlab' elokuhlatswa ngamahlab' omhlaba kepha singaphezi ukufeza ngaye. Nakuba siluvinji sivivinywa zivuvaba zempilo kepha masithukuse kuye, sethabe kuye; sigiye ngelemfudumalo engandele muntu....

Mzosho pro

# Uthando Lukababa

Baba' usisikelela njalonjalo,
awukhathali ukuskhathalela,
nakuba skhathala singomalal' ephenduka mihla le singabaza.kepha wena awungabazi, awulali, awuphenduki; awuphenduki uguquke emazwini owashilo nakushingel' ezeni lobumnyama awungabazi, awulali, awuphenduki.

Mihla le sbabaza igama lakho njalonjalo, nalapho kuntwela amathemba okuma. siluvinji sivivinywa zivuvaba zempilo. Wen' ungul' amehlo lapho simpumputheka khona, ezinzulwini zobumnyama siphuthaze kwelonyezi lapho uletha ukukhanya kwethemba, ze amathemba azilumbanise kuhl' okwezinkanyezi zilokoza ebenyameni botwa emkhathini kuze kunyelele ukukhanya kwemisebe emagqumeni ezintaba.....

Mzosho pro